**IBA NEZWI**

**ISIMEMO SOMPHAKATHI SOKUBAMBA IQHAZA ENGQUNGQUTHELENI YEPHALAMENDE EMAYELANA NODLAME OLUHLOBENE NAMAQEMBU EZIGEBENGU**

IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele EzamaPhoyisa limema imiphakathi ethintekile, izakhamuzi, izisulu zobugebengu, izinhlangano ezizinze emiphakathini, izinhlangano zezenkolo, izinhlaka zentsha, abacwaningi, izinhlangano zomphakathi, amabhizinisi kanye nabo bonke ababambiqhaza abanentshisekelo ukuba babambe iqhaza eNgqungqutheleni yePhalamende Emayelana Nodlame Oluhlobene Namaqembu Ezigebengu, eyingxenye yoPhenyo lwePhalamende olumayelana nodlame oluhlobene namaqembu ezigebengu.

Le Ngqungquthela izohlinzeka ngenkundla ebalulekile yokuba abantu kanye nemiphakathi ethintekile baxhumane ngqo nePhalamende mayelana nesimo, izimbangela, umthelela kanye nemiphumela yodlame oluhlobene namaqembu ezigebengu kanye nezenzo zobugebengu obuhleliwe. IKomidi likhuthaza ngokukhethekile abantu kanye nemiphakathi enolwazi oluqondile noma eseyake yathinteka ngodlame lwamaqembu ezigebengu ukuba ibambe iqhaza futhi yabelane ngamava ayo, ukukhathazeka kwayo kanye neziphakamiso zayo ezihlose ukuthuthukisa ukuphepha komphakathi nokuqinisa indlela uMbuso osabela ngayo odlameni oluhlobene namaqembu ezigebengu.

IKomidi limema imibono nezingxoxo ngezindaba ezihlanganisa, kodwa ezingagcini kulezi ezilandelayo:

a) Izimbangela nezinto ezibhebhezela udlame oluhlobene namaqembu ezigebengu kanye nobugebengu obuhleliwe;

b) Umthelela wodlame oluhlobene namaqembu ezigebengu emiphakathini, emindenini, ezikoleni, emabhizinisini, ezinsizeni zezempilo kanye nasekubumbaneni komphakathi;

c) Izinselelo ezihlobene nokusebenza kwamaphoyisa, inkohlakalo, ezobunhloli bobugebengu, uphenyo, ukushushiswa kwamacala kanye nezindlela ezibanzi zohlelo lwezobulungiswa ekulweni nobugebengu;

d) Izinhlelo zokuphepha komphakathi, izinhlelo zokuvimbela udlame, kanye nokubambisana phakathi kwemiphakathi noMbuso;

e) Umthelela wobugebengu bamaqembu ezigebengu ezinganeni, entsheni, kwabesifazane nakwamanye amalungu omphakathi asengozini; kanye

f) Izinguquko ezidingekayo emthethweni, kunqubomgomo, ezinhlanganweni noma ekusebenzeni ukuze kuqiniswe ukuvinjelwa kobugebengu, ukuphepha komphakathi, kanye nendlela uMbuso osabela ngayo odlameni oluhlobene namaqembu ezigebengu.

**Imininingwane yeNgqungquthela**
**Usuku:** 19 kuNcwaba wezi- 2026
**Isikhathi:** 09:30 – 17:00
**Indawo:** ePhalamende, eKapa

Abantu kanye nezinhlangano ezinentshisekelo bayakhuthazwa ukuba bazise kuseneskhathi ngenhloso yabo yokuhambela iNgqungquthela futhi, lapho kungenzeka khona, balethe ulwazi olufanele, imibono ebhaliwe, noma izindaba abafisa ukuziveza ngaphambi noma ngesikhathi seNgqungquthela. Nokho, ukubhalisa kuseneskhathi noma ukuletha imibono ebhaliwe akuyona imfuneko ukuze umuntu abambe iqhaza.

Abahlanganyeli abazoya eNgqungqutheleni kuyodingeka babhalise lapho befika eSakhiweni sePhalamende.
Izingxoxo zeNgqungquthela zizovulelwa umphakathi kanye nabezindaba, ngaphansi kwemithetho yePhalamende, umthamo wendawo, izidingo zokuphepha kanye nezidingo zokusebenza.

Izingxoxo zeNgqungquthela, kanye nazo zonke izethulo zomlomo noma ezibhaliwe ezitholiwe, zingaqoshwa futhi zigcinwe njengengxenye yomsebenzi wokwengamela wePhalamende, ukubika, kanye nokweseka uphenyo, okutholakele nezincomo zeKomidi.

Imibono kufanele ifike kungakadluli ihora lesine 16:00 ngoLwesihlanu, mhla **ziyi-7 kuNcwaba wezi- 2026**. Sicela ubonise uma unentshisekelo yokwenza isethulo ngomlomo phambi kweKomidi.

Imibuzo ingaqondiswa kuNksz B Mbengo kule nombolo ethi **083 709 8489**. Imibono kufanele ithunyelwe nge-imeyili ku-**gangviolenceinquiry@parliament.gov.za**, noma uvakashele iwebhusayithi yePhalamende ethi **www.parliament.gov.za**.

Ikhishwe nguMnu I Cameron, iLungu lePhalamende
USihlalo weKomidi LesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele EzamaPhoyisa.